


Yini inhloso yocwaningo luka HOPE? Inhloso yokuqala yocwaningo luka HOPE ukunikeza ababambiqhaza ngokushesha ukuthola ukufinyelela kwiringi yesitho sowesifazane sangasese sangaphambili enedapivirine, ephephile kanye nesebenzayo (iringi) njengendlela yokuvimbela iHIV. Sifuna ukuqonda kungani ababambiqhaza bengakhetha iringi njengendlela yokuvimbela iHIV noma okungabenza bengayikhethi, kanye nokuthi ukukhetha kusangashintsha yini emuva kwesikhathi.

Uhluke kanjani uHOPE ku ASPIRE?	
ASPIRE	HOPE
Inhloso: Ukwazi ukuthi ngabe iringi iyasebenza nokuthi iphephile ekuvikeleni iHIV.	Inhloso: Ukuqonda ukuba abesifazane bazoyisebenzisa yini iringi, uma benikwe ithuba.
Kwahlolwa ukuphepha kweringi	Siyazi ukuthi iringi iphephile kakhulu.
Kwahlolwa ukuthi iringi ingavimbela ukutheleleka ngeHIV	Siyazi ukuthi iringi ingawehlisa amathuba kowesifazane ekutholeni iHIV.
Ingxenywe yabesifazane bathola amaringi anomuthi wocwaningo bese nenye ingxenywe yathola amaringi angenawo umuthi wocwaningo	Wonke amaringi aqukethe umuthi wocwaningo
Bonke ababambiqhaza kwakumele bavume ukuthi bazoyisebenzisa iringi	Ukusebenzisa iringi ukuzikhethela, ngamunye kombambiqhaza.
...	...

Ngakho ke uthi abesifazane banokuzikhethela ukusebenzisa iringi kuHOPE? Yebo. Abesifazane bangalungenela ucwaningo ngisho noma bengayikhethi iringi njengendlela yokuvikela kwiHIV. Bonke ababambiqhaza bathola inzuzo efanayo ekubambeni iqhaza ocwaningweni, kungakhathalekile ukuthi uyayikhetha iringi. Ngenxa yokuthi ababambiqhaza bangazikhethela, sicela ukuthi ababambiqhaza bethathe iringi kuphela uma befuna ukuyisebenzisa. Ababambiqhaza bangawushintsha umqondo wabo mayelana nokusebenzisa iringi ngezikhathi zonke zocwaningo.



Emuva kokuthi uASPIRE ekhombise ukuthi iringi iphephile, futhi iyasebenza kungani ninikeza ababambiqhaza bakaHOPE ilungelo lokuzikhethela ukungayisebenzisi (iringi)? uHOPE umayelana nokuqonda ukuthi ngabe abesifazane bazoyisebenzisa yini, futhi bazoyisebenzisa kanjani iringi njengoba sekwaziwa ukuthi iphephile futhi iyasebenza. Siyazi ukuthi amakhondomu aphephile futhi ayasebenza, kodwa futhi abantu abaningi bakhetha ukungawasebenzisi noma bakuthola kunzima ukuwasebenzisa. Siyaqonda kakhulu ukuthi kungani abantu abaningi besebenzisa noma bengawasebenzisi amakhondomu, sifuna ukuqoqa imininingwane efanayo mayelana neringi. Abanye ababambiqhaza bangakhetha ukungayisebenzisi iringi, kodwa futhi babe nesandla ocwaningweni ngokuxoxisana ngokuthi yini eyenza iringi kubenzima ukuyisebenzisa noma yini eyenza ukuthi ingathandeki kubona. Izidingo zokuvimbela iHIV kanye nezinto ababambiqhaza abazikhethayo zingashintsha ngokuhamba kwesikhathi.

Ekugcineni, sifuna ukuthi umuntu wesifazane ngamunye aqonde ubungozi abhekene nabo mayelana neHIV, zonke izindlela zokukhetha ukuvikela iHIV angazithola, bese ekhetha indlela (izindlela) ezifanelana kahle nempilo yakhe.

Abasebenzi bocwaningo lukaHOPE kanye namalunga eqembu lomphakathi bangasebenzisana nababambiqhaza ukubasiza ukunquma kanye nokuqonda ubungozi babo kwiHIV. Sifuna abesifazane bazizwe bekhululekile ukukhetha noma ukungayikhethi iringi, nokuthi bashintshe imiqondo yabo, ngaphandle kokwahlulelwa abasebenzi noma abanye ababambiqhaza.

Ngabe abesifazane abangenela uHOPE kodwa bangakhethi ukusebenzisa iringi ngempela bayanikela okuthize ocwaningweni?

Bonke ababambiqhaza abangenela uHOPE banikela ngolwazi olunzulu ocwaningweni, kungakhathalekile ukuthi bayayikhetha noma cha iringi. Umbiko oqhamuka kubobonke ababambiqhaza uzosiza ukuqonda kwethu iringi kangcono nokuthi singasiza kanjani abesifazane basebenzise iringi ngempumelelo ngesikhathi esizayo.





UKUZIKHETHELA OCWANINGWENI LUKA

Uma unemibuzo noma udinga ulwazi olwengeziwe, sicela uvakashele eklinikhi yocwaningo:

